UNDUNANKULU UMABUZA UNIKEZE IGUNYA KUMEGA UKUTHOLA KABANZI NGEZINDLEKO EZIDINGEKAYO UKUXAZULULA INKINGA YAMANZI EMPUMALANGA

Elungiselela ukuqeda udaba lwezinkinga zamanzi esifundazweni, ungqongqoshe wasesifundazweni iMpumalanga uMnu. David Mabuza uqoke isigungu esengamele ukukhula komnotho eMpumalanga, phecelezi, iEconomic Growth Agency (MEGA), ukuba sithole kabanzi ngemali engadingeka ukuze kulungiswe kubuye kwakhiwe izikhungu ezintsha ezizosiza ukuba kutholakale amanzi anele nahlanzekile lapho kunezidingo khona.

UMabuza uye wacela iMEGA ukuba isayinde amaphepha okumgunyaza ukuba kube nguye mathupha obhekene nezidingo zezimali ezizobe zisiza abahlali base Mpumalanga ngamanzi.
Lesitatimende sikubeke kwacaca ukuthi izinto ezisiza ekuthutheni amanzi ziwasusa ndawana thizeni ziwayisa ebantwini ziya ngokuguga. Kwezinye izindawo umphakathi uya ngokwanda, nangokunjalo namanzi kumele ande kulezozindawo. Uqhube wathi kunemiphakathi ehlala lapho ithola amanzi okunisela kuphela hhayi awophuza.

UMnu Mabuza ebhekise kubanini bamabhizinisi uthe inkinga yamanzi isiphenduke yaba ingqinamba enkulu nokumele isheshe ithathelwe phezulu ukugwema isimo esibucayi ngaphezu kwalesi.
“Ngeke sikwazi ukwenza izethembiso esihluleka ukuzifeza, kumele samukele ukuthi sibhekene nenkinga, ngeke sikuphike lokho, kumele nje sivume ukuthi sinenkinga bese siza nesisombululo” kusaqhuba yena uMabuza.

Uqhubeke wacacisa ukuthi usezibambele yena mathupha ukuqinisekisa ukuthi amanzi ayafinyelela ebantwini ngoba phambilini abaholi babomasipala bebengagxilanga futhi beyithathela phansi lendaba yamanzi. “NjengabaHoli akumele sikhohlwe ukuthi size sibe ngabaholi, yingoba sakhethwa yibo kanye abantu, futhi wonke amathemba abo bawabeke kithina. Ngalokho ngithi asifeze amathemba abo ngokubanika izidingo abazifunayo”.

“Lapho sinezinkinga asiwazise umphakathi ukuze sigweme ukungqubuzana kwangaphandle (conflict). Umphakathi akuwona oxakile. Udinga ukuxhumana okusobala phakathi kwethu kanye nabo. Umphakathi uzimisele ukubhadalela izinsiza zezidingo zabo. Ngalokho, kumele sikuqinisekise ukuba sibanika izidingo ezisezingeni kanti futhi sibe nendlela ehlelekile yokuqoqa izimali. Lena yiyo indlela engakhuthaza futhi ikhulise isiko elihle lokukhokhela izinsiza ngaphandle kokukhononda”.

Ugcine ngokuthi oMasipala, kumele baqinisekise noma beze nohlelo lokuqeda ukwebiwa kwamathuluzi ikakhulukazi lawo ahambisa amanzi. Ngokusho kukaNgqongqoshe uma iMEGA isithole uxhaso lwemali yokuthuthukisa izinga lamanzi, oMasipala kumele basayinde umqulu wokuzibophezela ekusebenzeni ngokubambisana ngoba kuzodingeka bafake izandla ezikhwameni ukulekelela ngokwezimali

MPUMALANGA
PROVINCIAL
GOVERNMENT

MPUMALANGA
A Pioneering Spirit